Sekusele inyanga eyodwa vo yokubuyisa intela

Amahora okusebenza engeziwe sesisebenza nangemiGqibelo kuMfumfu

PRETORIA, 01 kuMfumfu 2018 – Abantu abakhokha intela basalelwe izinsuku ezingama-30 ukuba bathumele amaphepha okubuyisa intela yabo.

Isikhathi sentela sizovalwa mhla zingama-31 kuMfumfu kulabo abangebona abakhokhi bentela besikhashana kanye nakulabo bakhokhi bentela besikhashana abakhethe ukuhambisa emagatsheni. Abakhokhi bentela besikhashana bavamise ukuthi babuyise kuze kube mhla zingama-31 kuMasingane 2019 uma bezothumela nge-inthanethi ku-eFiling kuphela.

Kulesi sikhathi sentela besigxile kakhulu emgudwini wokuthumela ukubuyiswa kwentela osebenza amahora angama-24 ongasetshenziswa abakhokhi bentela ngesikhathi sabo ngaphandle kokuthi baze baye egatsheni. Labo abathumela nge-inthanethi besekwa uhlelo olubizwa nge-Help-You-eFile ngezikhathi zomsebenzi, okuyilo olubaxhumanisa ne-ejenti yesikhungo sokuxhumana sakwa-SARS engabasiza ngokugcwalisa amaphepha okubuyisa intela.

Enyangeni yokugcina yokufaka amaphepha okubuyisa intela, isikhungo sokuxhumana sakwa-SARS sesizotholakala nangemiGqibelo mhla ziyi-6 kuya kumhla zingama-27 kuMfumfu kusukela ngehora lesi-8 ekuseni kuya kweloku-1 ntambama, ukweseka labo abakhokha intela nge-inthanethi i-eFiling.

Wonke amagatsha akwa-SARS azobe evuliwe ngoMgqibelo ngesikhathi esifanayo lapho abakhokhi bentela bezokwazi khona ukuzisiza ukuthumela ngekhompyutha amaphepha abo okubuyisa intela.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi amahora engeziwe angoMgqibelo azosetshenziselwa ukusiza labo ababuyisa amaphepha okubuyisa intela yomuntu kuphela.

Kuze kube manje, abakwa-SARS sebezofinyelela esibalweni esiyizigidi ezi-3 zokuthunyelwa kwamaphepha okubuyisa intela kulo nyaka wokuthelisa. Lesi sibalo senyuke cishe ngo-4% uma kuqhathaniswa nangonyaka owedlule ngesikhathi esifanayo. Kulawa maphepha okubuyisa intela, angama-51% wawo athunyelwe nge-inthanethi ku-eFiling.

Labo abathumela amaphepha entela sesidlulile isikhathi bazohlawuliswa kanti inhlawulo izoba phakathi kuka-R200 kuya ku-R5000. Ngokwe-Tax Administration Act No. 28 of 2011 (TAA), ikakhulukazi iSigaba 234 (d), kuyicala lobugebengu ukungawabuyisi amaphepha entela kunoma yiluphi uhlobo lwabakhokhi bentela obhalise kulo.

Abakwa-SARS baqinise umthetho kulabo abangakabuyisi amaphepha entela ukuze bakhuthaze ukuthobela umthetho, kulo nyaka uwodwa sekushushiswe abakhokhi bentela abayi-18 ngokungawabuyisi amaphepha entela. Laba bakhokhi bentela, abagagulwa esidlangalaleni, bebengazishayi ndiva izaziso zokubakhumbuza ngokuthi yisikhathi sokuthi babuyise amaphepha entela, manje sebenerekhodi lobugebengu. Izinkantolo zayalela ukuba bahlawule inhlawulo ephakathi kuka-R2000 kuya ku-R20 000, kanye nezinhlawulo zokuvuma icala, kanti abanye bona baboshwa.

Abakhokhi bentela kumele baqaphele amaqola abathembisa ukubabuyisela izimali noma lapho umkhokhi wentela etshelwa khona ngesikweletu asikweleta abakwa-SARS. Lawa maqola eza ngezindlela eziningi kubandakanya izincwadi, ama-imeyili, amalinki abaholela kuzizindalwazi ngisho nabantu abazenza abasebenzi bakwa-SARS, abaqoqi bentela noma laba abakulungisela izinto zakho zentela. Kunezikhathi lapho abantu abakulungisela izinto zakho zentela bethembisa abakhokhi bentela ukuthi bazobuyelwa izimali uma bebakhokhela ingxenye ethile yaleyo mali. Ukukhwabanisa ubugebengu obuvamise ubenziwa egameni labakhokhi bentela ngokufuna ukukhokhelelwa izindleko ezingukukhwabanisa. Uma abakwa-SARS bekuthola lokhu kukhwabanisa umkhokhi wentela nguye ozothwala leso sikweletu kanjalo nezinhlawulo zakhona.

Abakhokhi bentela kumele bahlale beqinisekisa ubuqiniso bokuxhumana abakutholayo okuthinta abakwa-SARS ngokuthi baxhumane nesikhungo sokuxhumana noma igatsha lakwa-SARS. Uma kukhona okusolayo ungabika nge-inthanethi noma ngokushayela i-hotline yakwa-SARS.

Abakhokhi bentela bayakhunjuzwa ukuthi isikhathi sentela esokuhlanganisa intela ebanjwe ngonyaka owedlule bese kuyahlolwa ukuthi ngabe kwabanjwa inani lentela elifanele yini. Lokhu kuhlola kungaba nomphumela wokuthi kube khona imali

obuyiselwa yona njengomkhokhi wentela noma kufanele ukuba kukhokhwe imali ethile umkhokhi ntela ayikweleta abakwa-SARS. Kungenjalo kungenzeka ibe nomphumela othi akukho lutho olubuyayo, okungaba ukuthi umkhokhi wentela akabakweleti abakwa-SARS futhi naye ayikho imali ezombuyela.

Imininingwane ebalulekile yokuxhumana:

- SARS Contact Centre: 0800 00 7277
- Ucingo lwezinto zentela ezisolisayo kanye nokukhwabanisa: 0800 00 2870
- Ifomu lokubika okusolisayo ku-inthanethi